
# Ukuchitshiyelwa kweSigaba 25 soMthethosisekelo

**IKomidi Elihlala Ngokuhlanganyela mayelana Nokubuyekezwa koMthethosisekelo (i-JRC)** labamba izithangami zokulalelwa kwezimvo zomphakathi kuzo zonke izifundazwe zaseNingizimu Afrika ngowezi-2018. Inhloso eyodwa yalezi zithangami zomphakathi bekuwukuthola izimvo zomphakathi mayelana Nokuchitshiyelwa kweSigaba 25 soMthethosisekelo.

Ngesikhathi sokulalelwa kwalezi zimvo zomphakathi, kwabuzwa imibuzo elandelayo ukugqugquzela ukuzibandakanya okuyikho okuvela emphakathini:


- **Ngabe iSigaba 25 soMthethosisekelo sivimbela ukuthathwa komhlaba ngaphandle kwesinxephezelo?**
- **Yiziphi izinguquko ongathanda ukuzibona ezifanele ukuze kuqaliswe iSigaba 25 soMthethosisekelo?**




# Kwenzekani ngemuva kokulalelwa kwezimvo zomphakathi ngonyaka wezi-2018?

**IKomidi Elihlala Ngokuhlanganyela elibhekele ukuBuyekezwa koMthethosisekelo lahlanganisa umbiko lawethulela kwiNdlu yesiShayamthetho sikaZwelonke. Lo mbiko wabalula lezi zinkinga ezibalulekile ezilandelayo ezavela ekuphawuleni komphakathi:**

- Kunobunikazi bomhlaba obungalingani futhi obungahambi kahke ezweni.
- Ukuvikeleka kwelungelo lokuhlala endaweni kwabasebenzi basemapulazini, abaqashi basemapulazini kanye nalabo abahlala endaweni yomphakathi elawulwa yi-Trust kufanele kuqinisekiswe.
- Inkohlakalo, isabiwomali esingenele sokubuyiswa komhlaba, kanye nokungabikho kwamandla phakathi kuhulumeni kwabalulwa njengokuvimbela inqubo yokubuyiswa komhlaba.
- Umbuso uyanxuswa ukuthi uze nesu elicacile lokwabiwa komhlaba ukuze kulungiswe ukungabi nabulungiswa kwangaphambilini.
- UMthethosisekelo kufanele ukubeke ngokusobala ukuthathwa komhlaba ngaphandle kwesinxephezelo njengesinqumo esisemthethweni.



## Ngubani okufanele abambe iqhaza nokuthi kanjani?

Bonke abanentshisekelo nezinhlangano ezithintekayo, kungaba umuntu ngamunye nezinhlangano ezihlelekile bayamenywa ukuthi babambe iqhaza: Ngokwenza izethulo ezibhalwe phansi zibhekiswe kwiKomidi Lesikhashana elibhekele iSigaba 25 soMthethosisekelo.

Izethulo kufanele zibhekiswe kuNobhala weKomidi Lesikhashana, uMnu Vhonani Ramaano mhlazingama-29 kuNhlolanja wezi-2020.

- **Ikheli: 3rd floor, 90 Plein Street, Cape Town, 8000**
- **I-imeyili: section25@parliament.gov.za**
- **I-WhatsApp: 081 410 5932**

## Ukuhambela ukulalelwa kwezimvo zomphakathi:

Ukulalelwa kwezimvo zomphakathi kuzokwenziwa kuzo zonke izifundazwe kusukela mhlazingama-28 kuNhlolanja wezi-2020 ezifundazweni eziningi kanye nakomasipala bamadolobha amakhulu ezweni lonke.

Ukumiswa ngxi kwezinto kuZwelonke okwamenyezelwa uMongameli uCyril Ramaphosa ngoNdasa ngenxa yobhubhane lwe-Covid 19 kwaholela ekuhlehlisweni kokulalelwa kwezimvo zomphakathi ezifundazweni ezintathu: iLimpopo, Nothern Cape kanye ne-Western Cape. Njengamanje ngaphansi kwezinga 1 lokuvala, ukulalelwa kwezimvo zomphakathi kuzoqala futhi ukusuka mhla zingama-**22 kuMfumfu kuya mhla zimngama-30 kuMfumfu wezi-2020**

Ukuthola eminye imininingwane mayelana nokulethwa kwezethulo kanye nokulalelwa kwezimvo zomphakathi mayelana noMthethosivivinywa, ungaxhumana noNobhala weKomidi Lesikhashana elibhekele iSigaba 25 soMthethosisekelo, uMnu Vhonani Ramaano kulenombolo


**(021) 403 3820**
**Inombolo yeselula: 083 709 8427**
**I-imeyili: vramaano@parliament.gov.za**

IsiZulu

Have your say

PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UKUKHITJELELWA KWESIGABA SAMA-25 SOMTHETHOMLINGWA




parliamentofrsa

PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UKUKHITJELELWA KWESIGABA SAMA-25 SOMTHETHOMLINGWA

## Yimiphi imibono eyayivelele ngesikhathi sezimvo zomphakathi?

**Ukulalelwa kwezimvo zomphakathi kwaphothulwa ngemibono emibili ephikisanayo.**

Umbono wokuqala ukuthi iSigaba 25 siyisithiyo ekuthathweni komhlaba ngaphandle kwezinxephezelo, futhi sidinga ukuchitshiyelwa. Ikakhulukazi, iZigaba 25 (1), 25 (2) (b) kanye 25(3) zagcizelelwa njengeziyinkinga. Lokhu kungenxa yokuthi zibonakala njengezivikela amalungelo obumnini bomhlaba atholakala ngesikhathi sobandlululo kanye nombuso wengcindezelo.

Okwesibili ukuthi uMthethosisekelo usuvele uyakuvumela ukuthathwa komhlaba ngaphandle kwesinxephezelo. Lo mbono usekelwa iSigaba (2) (a), esisho ukuthi umhlaba ungathathwa kuphela ngokuya komthetho wokusebenza okujwayelekile ngokwezinhloso zomphakathi.

Labo abaphikisana nokuchitshiyelwa kweSigaba 25 babuye baphakamisa ukuthi iPhalamende lichithe uMthetho Wokuthathwa Kwezindawo (63 we-1975), bese lenza uhlaka loMthethosivivinywa Wokuthathwa Kwezindawo ukuze luhambisane neSigaba 25.

## Yiziphi izincomo zamanje zeKomidi Elihlala Ngokuhlanganyela mayelana Nokubuyekeza uMthethosisekelo?

**Isincomo 1:**
ISigaba 25 soMthethosisekelo kufanele sichitshiyelwe futhi sicacise mayelana nokuthathwa komhlaba kanye nempahla ngaphandle kwesinxephezelo. Lokhu kuzolungisa umlando oyiphutha wokwephucwa komhlaba, kuqinisekise ukutholakala komhlaba ngendlela efanele kanye nokunika amandla iningi labantu baseNingizimu Afrika.

**Isincomo 2:**
IPhalamende kufanele lisungule ngokushesha indlela yokuqalisa ukuchibiyela okudingekayo engxenyeni efanele yeSigaba 25 soMthethethosisekelo.

**Isincomo 3:**
IPhalamende kufanele yethule, icubungule futhi iphasise uMthethosivivinywa Wokuchibiyela uMthethosisekelo ngaphambi kokuphela kwePhalamende lesi-5 lentando yeningi ukuze uvumele ukuhlwithwa komhlaba ngaphandle kwesinxephezelo.

**IPhalamende lesi-6 lisebenzela ukuphothula lokhu kuchibiyela okunconyiwe.**

## Izinjongo zoMthethosivivinywa

**Isigatshana 2 (b)**
Sihlinzeka ukuthi kube yinkantolo yomthetho engathatha isinqumo sokungabikho kwesinxephezelo lapho umhlaba noma impahla ithathwa ngenxa yokubuyiswa komhlaba.

**Isigatshana 3**
Sihlela izimo okufanele zinakwe uma isinqumo sithathwa yinkantolo maqondana nenani lesinxephezelo,

**Isigatshana 3A**
Kuzoshaywa umthetho ochaza izimo lapho inkantolo ingafika ekutheni kungabinasinxephezelo ngomhlaba noma impahla. Isib, UMthethosivivinywa Wokuthathwa Komhlaba.

## Kungani iPhalamende lenza ukulalelwa kwezimvo zomphakathi futhi?

IPhalamende, eligunyazwe nguMthethosisekelo kufanele liqinisekise ukuthi umphakathi ubandakanyekile kuzo zonke izinqubo zalo, okufaka nokushaywa komthetho. Ukuze yenelise leli gunya, iKomidi Lesikhashana limema bonke abanentshisekelo nezinhlangano ezithintekayo, kungaba umuntu ngamunye noma izinhlangano ukuthi babambe iqhaza nokuChitshiyelwa koMthethosisekelo kwe 18, njengoba kuhlobene neSigaba 25.

IKomidi lizobheka yonke imibono yomphakathi maqondana nokuchitshiyelwa koMthethosisekelo ukuze isiShayamthetho sikaZwelonke siphasise uMthethosivivinywa.

# Kungani kubalulekile ukubamba iqhaza?

Ukubamba iqhaza komphakathi kuyinqubo yentando yeningi eqinisekisa ukuthi abashaya umthetho balalela izimvo zabantu lapho beshaya imithetho.

# Kuzokwenzekani ngemuva kokulalelwa kwezimvo zomphakathi?

IKomidi Lesikhashana lizobuyisela uMthethosivivinywa kusiShayamthetho sikaZwelonke emva kokucubungula yonke imibono yomphakathi. Amalungu esiShayamthetho sikaZwelonke azobe esevota futhi aphasise ukuChitshiyelwa koMthethosisekelo kwe 18, uma isiShayamthetho sikaZwelonke siphasisa ukuChitshiyelwa kwe 18, uMthethosivivinywa uzodluliselwa kuMkhandlu kaZwelonke Wezifundazwe ukuze kuxoxiswane nezifundazwe maqondana noMthethosivivnywa. Uma umthetho uphasiswa, uzovumela ukuthathwa komhlaba nempahla ngaphandle kwesinxephezelo.

*"IPhalamende Labantu Elinomdlandla futhi Eliphendulayo, Elilalela abantu"*

PARLIAMENT OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
Ikhiqizwe Uphiko Lokwesekela Umsebenzingqangii: Ihhovisi Lezemfundo Yomphakathi • IPhalamende Labantu Elinomdlandla futhi Eliphendulayo, Elilalela abantu • www.parliament.gov.za • P.O Box 15, Cape Town, 8000 • Inombolo yocingo: (021) 403 3341

IsiZulu